

UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uNkk Bongive Sithole-Moloi, uhlabhe ikhwelo walibhekisa entsheni eyinxusa ukuba ize namaqhinga angaholela ekutheni kusheshe ukuhlinzeka ngezimali kwamabhizinisi ayo.

Uthe intsha kufanele ibe sekhaleni lokulethwa kwezinguqo endleleni okuhlinzeka ngayo usizo lwezezimali zamabhizinisi ezolimo ukuze kwandiswe imithombo okutholakala kuyo imali.

Ubekhuluma ngesikhathi kunembizo yezinsuku ezimbili ebiseBallito ngaphandle kwaseThekwini muva nje.

Le mbizo ibiyenziwe ngokubambisana noMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali nophiko olungaphansi kwalo Mnyango oluxhasa amabhizinisi ezolimo i-Agribusiness Development Agency (ADA) ngenhloso yokucobelela intsha ngolwazi ngezinto ezithinta ezolimo nokuqhamuka namasu okulwa nobubha.

“Ngininxusa ukuba nivuleleke, nenze ucwaningo bese niza kithi neziphakamiso nezinhlelo enikusungule nina. NjengoMnyango, siyazi ukuthi abantu abasha bakhaliphile futhi banomdlandla,

INTSHA IQHAMUKE NAMASU AMASHA OKUTHUTHUKISA IMBONI YEZOLIMO ENGQUNQGUTHELENI



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya uNkk. Bongive Sithole-Moloi ebuka imikhicizo yabekhangisi. **Isithombe: LUNGILE CHILI**

futhi beza namakhono ezamabhizinisi nemiqondo emisha okungaba wusizo ekuthuthukisweni kwezamabhizinisi nakunoma yikuphi emzileni womkhicizo,” kusho uNkk Sithole-Moloi. Ube esenza isimemo entsheni ebikhona ukuthi ilethe kuye izinhlelo ezicabangile ezehlukene ezingenza kube lula ukuthola usizo lwezimali lokho okungasiza abakhicizi bakwazi ukuthi bathole

ebezihlasele ezingxenyeni ezithile zesifundazwe muva nje nanokuthi ziwuthinte kanjani umkhakha wezomnotho nezolimo.

Ugcizelele ukuthi uMnyango uzoqhubeka nemizamo yokuhlinzeka ngosizo futhi uhlangabezane nezinsalelo zentsha eziphathelene nokungabi bikho kwemisebenzi. Lokhu uNgqongqoshe uthe kuzokwenziwa ngokwakha ubambiswano nezinhlangano ezizimele ukuze kusunguleke amathuba emisebenzi. Inkosi MPM Mazibuko, eyiPhini likaSihlalo weBhodi le-ADA, ithe imbizo ibe wumsebenzi owenziwe ngokuhlanganyela noMnyango wezoLimo ne-ADA.

Ithe intsha nabesifazane kwezolimo baphezulu eqhulwini ezinhlelweni ze-ADA noMnyango lapho beveza khona amathuba ngokuhlela izindlela zosizo lwezimali, ukuthuthukiswa kwezimakethe zamabhizinisi ezolimo. Lokhu kubandakanya ukuhlelwa kwemibukiso, izinqungquthela, imikhankaso ngokwezindawo, ukuhlolwa kwemikhicizo, ukuqeqeshwa nezinkundla zokucobelelana ngolwazi.

“Nginethemba lokuthi lo mcimbi uzokwenza ukuthi intsha nabesifazane bakhanyelwe yikusasa futhi kube khona ubudlelwano obusha, ezohwebo nokusungulwa kwamathuba emisebenzi okuqhubekayo,” kusho Inkosi Mazibuko.

usizo lwezimali olukahle, olwanele futhi oluhambisana nezidingo. Uthe ngokubambisana kungaqhanyukwa nendlela yokuhlinzeka ngezimali exubile futhi kuqinisekiswa ukuthi usizo lwezimali luyatholakala lokho kwehlise izinga lokuncika ezimalini ezivela kuhulumeni ngaso sonke isikhathi.

Kule mbizo kubuye kwaxoxiswa ngomthelela wezikhukhula

bayishumi kuphela abemukele imiklomelo.

Imiklomelo ibihambisana nokunikezelwa kwezitifiketi kwabawinile nesheke lika-R9 000.

“Kusezandleni zenu ukuqinisekisa ukuthi isifundazwe kanye nesizwe sonkana sikhulisa umkhakha wezolimo onamandla nothuthukayo. Ukusebenza kwenu kanzima kuzothuthukisa izimpilo zabalimi,” kusho uNkk Sithole Moloi.

Ugcizelele ukuthi kubalulekile ukuthi abeluleki baqhubeke nokuzinikela nokweseka abalimi ekulweni nobubha.

Uthe okumhlabe kakhulu umxhwele ukuthi abeluleki bakwazile ukusebenza ngaphansi kwesimo esinzima futhi babeka izimpilo zabo engcupheni ngenkathi uMengameli Cyril Ramaphosa eqoke uMnyango njengeminye yemikhakha ebalulekile ekufukuleni umnotho kanye nokulwa nobubha ngesikhathi seCovid-19.

Uthe kwamangaza ukusebenza ngokuzimisela kwabeluleki nakuba belahlekelwe ngozakwabo abangu-20 ngenxa yeCovid-19 kodwa yize kunjalo baqhubekile nokusebenza babamba iqhaza ekulweni nendlala nobubha.

ukhukhulelangoqo wombuthano nabeluleki bezolimo emcimbeni obuseBallito ngaphandle kwaseThekwini muva nje.

Lo mbuthano ubungacini nje ngokubonga igalelo labeluleki bezolimo kodwa ubuyinkundla yokucobelelana ngolwazi, kanye namasu okuthuthukisa umkhakha wezolimo ikakhulukazi ngaphansi kwe-Covid-19.

Okunye abeluleki bathole ithuba lokwethula izindlela ezintsha zokwenza umkhakha wezolimo ukhange nakakhulu futhi uphucuke ngokwethula intuthuko yezolimo ye-4th Industrial Revolution.

Lokhu abeluleki bakwethule ngenxa yokuthi kuzosiza emzamweni wokwandisa ukutholakala kokudla ezweni, okuthanda ukushona phansi njengamanje ngenxa yezinhlekelele zemvelo ezifana nezikhukhula ezisanda kuhlasela isiFundazwe.

Ebusuku uMhlonishwa uNkk Sithole-Moloi wenze umcimbi wedina lapho kuklonyelise khona abeluleki ngenhloso yokubabonga ngemisebenzi yabo emihle kanye nokulethwa kwezidingo emiphakathini ngokushesha.

Bonke abeluleki ababehambele lomcimbi bahlonishiwe futhi bathathwa njengabawinile, kodwa



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo okuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali uNkk Bongive Sithole Moloi, wamukelise abeluleki bezolimo ngemiklomelo. **Isithombe: LUNGILE CHILI**

UNGQONGQOSHE UNCOME IQHAZA LABELULEKI BEZOLIMO EKHIPHA IMIKLOMELO YABENZE KAHLE ESIFUNDAZWENI

UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uNkk Bongive Sithole-Moloi, ubonge abeluleki

bezolimo esiFundazweni ngegalelo labo ekuphuculeni imiphakathi kwezolimo.

UNkk Sithole-Moloi ubehlele

AmaRabi Ayabulala!!! Sindisa impilo yesilwane sakho kanye neyakho. Ngganda isifo samarabi Vimba amarabi ngokugoma isilwane sakho minyaka yonke

Mrs Bongive Sithole-Moloi
MEC: Agriculture & Rural Development, KwaZulu-Natal

KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development
@KZNDRD

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

#PHEZI KUMKHONDO
NDP
STAY SAFE
GROWING TOGETHER

UNGQONGQOSHE woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uNkk Bongive Sithole-Moloi, uhlabhe ikhwelo lokuba ezolimo zihanjiswe phambili emikhankasweni yokusungulwa kwamathuba emisebenzi entsheni.

Lokhu ukusho ngesikhathi kwethulwa uhlelo lokufakwa emisebenzini kwentsha eneziqu zezolimo kodwa engakawutholi umsebenzi emcimbeni opusepulazini iNtathakusa eShowe muva nje.

UNgqongqoshe ubekuleli pulazi ukwethula intsha ezoqala ukusebenza emapulazini efakwe kuwo ngenhloso yokuthola isipiliyoni ngemuva kokuthola iziqu zolimo.

“Siyazi ukuthi intsha ikuthola kunzima kangakanani ukuthola imisebenzi kuleli zwe. Engxenyeni yokugcina ka-2021 izibalo zabangasebenzi zazingamaphesenti angu-35.3. Kulesi sibalo intsha eneminyaka ephakathi kuka-15 kuya ku-34 yayingamaphesenti angu-46.3. Lokhu kusho ukuthi cishe oyedwa kwababili entsheni ubengasebenzi engxenyeni yokugcina ka-2021”, kusho uNkk Sithole-Moloi.

Uthe intsha iyona ethwele kanzima ekwentuleni imisebenzi njengoba ingamaphesenti angu-59,5 kubantu abangasebenzi eNingizimu Afrika. UNgqongqoshe uthe kuyakhathaza kakhulu ukuthi intsha eneminyaka engu-15 kuya ku-24 yiyona enesibalo esikhulu sabangasebenzi njengalokhu ingamaphesenti angu-63.

Uhlelo loMnyango lokufaka intsha ezindaweni zemisebenzi noma



UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya uNkk. Bongive Sithole-Moloi ophakathi, neNhlolo yoMyango uMnu Siza Sibande kwesokunxele nentsha ehlolele ohlelweni lwabangasebenzi abatshalwe emapulazini. **Isithombe: LUNGILE CHILI**

EZOLIMO KUMELE ZIHAMBE PHAMBILI EKUSUNGULWENI KWAMATHUBA EMISEBENZI - SITHOLE-MOLOI

emapulazini ukuze ithole isipiliyoni lwenzelwe ukuzama ukuxazulula lesi simo.

“NjengoMnyango sifuna lolu hlelo lube yithuluzi elisemqoka ekuqinisekiseni ukuthi intsha ithola amathuba nolwazi eludingayo, lokhu kuhlanganisa nokuyixhumanisa nababambe iqhaza emkhakheni wethu kuyo yonke imigudu yemikhicizo,” kusho uNkk Sithole-Moloi.

Uthe uMnyango umatasa nemizamo yokuthi uhlelo lokufakwa emisebenzini kwentsha eneziqu zezolimo luyathuthukiswa ngenjongo

yokuthi lusize nakakhulu intsha engabalimi ukuze bazisungulele amabhizinisi futhi baqasheke embonini yezolimo.

UMnyango khona uhlelo ophezu kwalo lokuba izifundiswa eseziphothule ngaphansi kohlelo lokufakwa emisebenzini zikwazi ukufaka izicelo zokuba ngabaqeqeshi noma abasizi ngaphansi kwemisebenzi exhaswe nguMnyango noma emabhizinisini amancane.

UMnuz Sibusiso Gumede, ongumnikazi wepulazi

kwabalimi abadala nalaba abasebasha ukuze bacobelelane ngolwazi.

- Ukuhlomisa intsha ngamava, ngenhloso yokwandisa amathuba okuthi iqasheke lapho isifaka izicelo zemisebenzi.

OBANI ABAHLOMULA NGAPHANSI KWALOLI HLELO?

- Yintsha yasesiFundazweni saKwaZulu-Natali eneziqu ezifundweni zezolimo.

UKUPHUMELELA KOHLELO

- Intsha eneziqu zezolimo ithola amava ngokusebenza emapulazini ezolimo angaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba kubantu.
- Izitshudeni zisuke sezisemathubeni amahle okuqasheka, futhi zigququzeleke nokuthuthukisa ulwazi lwazo.
- Intsha engene ngaphansi kwalolu hlelo ithola isibonelelo iminyaka emibili ngesikhathi ingaphansi kwalolu qeqesho.

IZINHLELO ZOMNYANGO MAYELANA NOKUQHUBEKA KWALOLU HLELO.

- Kusukela ngo-2020 kuya phambili, uMnyango usuhlomulise intsha

Iamawolintshi iNtathakusa, eliqeqesha enye yentsha engasebenzi, uthe uhlelo lokufakwa emisebenzini kwentsha lusemqoka kakhulu futhi luyabasiza njengabalimi. Luyasiza kakhulu ngoba lezi zifundiswa zingabantu abakhuthele futhi abanomdlandla abafuna ukusebenza. Le ntsha ithola ithuba lokuthi ibe nesipiliyoni futhi babekeka ethubeni lokuqasheka uma sebephumile ngaphansi kwalolu hlelo. Ngiyaqaphela ukuthi ngonyaka wokuqala bengene kulolu hlelo basuke bengazi lutho ngokuthi ipulazi lisebenza kanjani. Kungonyaka wesibili lapho bekhombisa khona ukuthi sebayaqonda ukuthi ipulazi lisebenza kanjani. Ngebhadi lowo kusuke sekuwunyaka wokugcina ngaphansi kohlelo. Bengithanda ukuthi lolu hlelo okuganani lube yiminyaka emithathu,” kusho uGumede.

USiyabonga Mhlongo, ongaphansi kwalolu hlelo, uthe ngesikhathi eqala ukusebenza kuleli pulazi wayengenalwazi lokuthi ipulazi lamawolintshi lisebenza kanjani kodwa ngemuva kokufundiswa uyakholwa ukuthi usengazisebenzela kwelakhe ipulazi ngenxa yolwazi aselutholile.

“Ngingathanda ukuthola ipulazi engingakwazi ukuzisebenza kulo njengoba sengithole isipiliyoni kuleli pulazi. Lolu hlelo lubaluleke kakhulu ngoba luyasisiza kakhulu. Siyawuhlulela nomhlomulo esiwutholayo njengoba sisebenza lapha. Okusele manje ukuthi ngizijwayeze indlela yokuholela abasebenzi basepulazini ukuze uma sengisebenza kwelami kube lula ukuholela abasebenzi,” kusho yena.



Izithameli zengqungquthela yokwethulwa kohlelo lwenntsha eneziqu zezolimo engaqashiwe. **Isithombe: LUNGILE CHILI**

eneziqu emkhakheni wezolimo elinganiselwa ku-918 etshalwe emapulazini angu-399 atholakala esiFundazweni iKwaZulu-Natali.

- Kulo nyaka uMnyango usanda kufaka intsha engu-340 ngaphansi kwalolu hlelo.
- Intsha engu -160 izongena ngaphansi kwaloluhlelo onyakeni wezimali ka-2022/2023, bese kuthi engu-180 iyobe isingena ngonyaka wezimali ka-2023/2024.

Ngeminye iminingwane ngaloluhlelo xhumana nehhovisi lezoLimo eliseduze

Izizinda zoLimo Ukuvulwa kwamathuba ezolimo nokufinyelela ezimakethe

Mrs Bongive Sithole-Moloi
MEC: Agriculture & Rural Development, KwaZulu-Natal

KwaZulu-Natal Department of Agriculture and Rural Development
@KZNDRD

KWAZULU-NATAL PROVINCE
AGRICULTURE AND RURAL DEVELOPMENT
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

#PHEZI KUMKHONDO
NDP
GROWING TOGETHER